

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IBESYLOC**

ISIMO SESHEDULI YOKUPHEPHA NOBUNGOZI BOMUTHI

S3

IGAMA LOMUTHI

Iphilisi iBESYLOC 5 mg.

Iphilisi iBESYLOC 10 mg.

Amlodipine besylate

IBESYLOC ayinawo ushukela.

Ngaphambi kokuba uqale ukusebenzisa iBESYLOC funda ngokucophelela lonke leli pheshana lolwazi.

- Ligcine leli pheshana lolwazi. Kungenzeka ukuthi kudingeke ukuba uphinde futhi ulifunde.
- Uma uneminye imibuzo engeziwe, buza udokotela wakho noma usokhemisi, umhlengikazi noma omunye umhlinzeki wosizo lwezempilo nokwelashwa.
- IBESYLOC iqondene nawe kuphela futhi inikezwe wena, ngakho-ke ungalokothi wabelane ngayo nabanye abantu. Kungenzeka bona ibalimaze, nakuba nabo benezimpawu ezifana nezakho.

Okuqukethwe kuleli phashana lolwazi

1. Iyini iBESYLOC futhi isetshenziselwani?
2. Okumele ukwazi ngaphambi kokuba usebenzise iBESYLOC
3. Indlela yokusebenzisa iBESYLOC
4. Imithelela engathandeki okungenzeka ibe khona
5. Indlela yokugcina iBESYLOC
6. Okuqukethwe ephaketheni lamaphilisi kanye nolunye ulwazi

1. Iyini iBESYLOC futhi isetshenziselwani?

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IBESYLOC**

IBESYLOC iyinxenye yeqoqwana lemithi ebizwa ngemithi evimbela icalcium ingangeni kwizinhlayiyana zezicubu zenhliziyo kanye nemithambo yegazi, phecelezi, amacalcium channel blocking medicines (dihydropyridine calcium antagonists).

IBESYLOC ingasetshenziswa yodwa noma isetshenziswe ngokuhlanganyela neminye imithi esetshenziselwa ukwelapha umfutho wegazi ophakeme kanye nezinhlungu esifubeni ezibangelwa ukuncipha kokugeleza kwegazi eliya enhliziyweni, phecelezi, i-angina.

2. Okumele ukwazi ngaphambi kokuba usebenzise iBESYLOC

Ungalokothi usebenzise iBESYLOC:

- uma umzimba wakho ungezwani nezithako i-amlodipine, dihydropyridine (ezisetshenziselwa ukwehlisa umfutho wegazi), noma ungezwani nanoma yisiphi esinye isithako seBESYLOC (bheka isigaba 6)
- uma unenkinga yokuphathwa kakhulu yihypotension (ukwehla ngokweqile komfutho wegazi, izimpawu zalokhu zibandakanya ukuzizwa sengathi uzoquleka noma ufikelwe isiyezi)
- uma uke waphathwa wukugula okubucayi kakhulu okubandakanya icardiogenic shock (leli yitemu elisetshenziswa lapho umfutho wegazi uphansi kakhulu kangangokuthi nenhliziyo ize iyeke ukusebenza ngendlela efanele futhi kudingeke ukuthi uthole ukwelashwa)
- uma usanda kuhlaselwa yisifo senhliziyo (kulezi zinsuku ezingama-28 ezedlule)
- uma kuvimbekile ukugeleza kwegazi elisuka ohlangothini lwenhliziyo olungakwesobunxele (isibonelo, ukuncipha kwe-aortic valve)
- uma unenkinga edalwa wukungafinyeleli kwegazi ne-oksijini eyanele enhliziyweni, okubizwa phecelezi nge-unstable angina (izinhlungu esifubeni ezikuhlasela nalapho uphumulile ungenzi lutho)
- uma ukhulelwe noma usancelisa umntwana wakho
- uma uneminyaka engaphansi kweyi-18 ubudala.

Izixwayiso kanye nezinto okumele uziqikelele

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IBESYLOC**

Qaphela kakhulu uma usebenzisa iBESYLOC:

- Uma udokotela ekuxilongile wathola ukuthi wena unenkinga yomfutho wegazi ophakeme ngokweqile.
- Uma uphethwe yisifo esidala ukuncipha kwegazi elisuka enhliziyweni liye kwezinye izingxenye zomzimba, i-aortic stenosis, ebonakala ngezimpawu ezinjengokukhathala ngokweqile, ukuzizwa sengathi uzoquleka noma ukuquleka ngenkathi uzivocavoca kanye nokuphelelwa umoya.
- Uma unokuhlushwa yizinhlungu esifubeni uma usebenzisa iBESYLOC.
- Uma unesifo sikashukela.
- Uma kudingeka ukuthi uyokwenza ukuhlolwa kwegazi, njengoba ukusebenzisa iBESYLOC kungenzeka kuphazamise imiphumela.
- Uma uyisiguli esesikhulile ngokweminyaka yobudala.
- Uma uxinwa kakhulu yizinkinga zezinso.
- Uma uhlushwa yizinkinga zesibindi.
- Uma unomfutho wegazi ophansi noma uma unezinye izinkinga eziphathelene nenhliziyo.
- Uma uneminyaka engaphansi kweyi-18 ubudala.
- Uma sekusondele isikhathi sokuthi uhlinzwe noma kwenziwe inqubo ethile yokwelapha lapho kuzodingeka khona ukuthi ulaliswe ngaphambi kokuba kwenziwe lokho.

Ukusetshenziswa kweminye imithi neBESYLOC

Kumele ngaso sonke isikhathi umazise umhlinzeki wakho wosizo lwezempilo nokwelashwa uma kukhona nanoma iyiphi eminye imithi oyisebenzisayo. (Lokhu kubandakanya nemithi eyizondlamzimba kanye nemithi yesintu.)

Imithi engaba nomthelela ekusebenzeni kweBESYLOC:

- Eminye imithi yokwelapha ihypertension (umfutho wegazi ophakeme) noma i-angina

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IBESYLOC**

(izinhlungu esifubeni) njengamaphilisi inipro-glycerine ashuthekwa ngaphansi kolimi, amanitrates asebenza isikhathi eside emzimbeni, amabeta-blockers noma amacalcium channel blockers (njengeverapamil, diltiazem), njengoba lokhu kungakhuphula amazinga eBESYLOC egazini.

- I-aldesleukin esetshenziswa ekwelapheni umdlavuza wezinso kanye nomdlavuza wesikhumba, obizwa ngeskin melanoma, noma imithi esetshenziselwa ukwelapha ukugula okuphathelene nokusebenza kwengqondo, phecelezi, ama-antipsychotics, njengoba lokhu kungakhuphula amazinga eBESYLOC egazini.
- Igrapefruit noma ujusi wegrapefruit kungenzeka kukhuphule amandla eBESYLOC okunciphisa umfutho wegazi.
- Imithi esetshenziselwa ukwelapha isifo sikashukela, njengoba kungenzeka kudingeke ukuthi kuguqulwe imithamosilinganiso yale mithi.
- Imithi eguqula izinga lokushaya kwenhliziyo enjengequinidine noma iprocainamide.
- Imithi ethile esetshenziselwa ukwelapha amafithi (isithuthwane), (okuyicarbamazepine, phenobarbital, phenytoin), njengoba le mithi kungenzeka inciphise amandla okusebenza kweBESYLOC emzimbeni.
- Isodium valproate (esetshenziselwa ukwelapha isifo sokuwa) njengoba lokhu kungakhuphula amazinga eBESYLOC egazini. (Xoxisana nodokotela wakho uma ungaqinisekile ngalokhu).
- Imithi esetshenziselwa ukwelapha izifo ezibangelwa ngamagciwane (viral), ukhuntha (fungal) kanye namabhakhthiriya (enjengeclarithromycin, erythromycin, ketoconazole, itraconazole noma irifampicin) noma iSt John's Wort (okungumuthi wamakhambi osetshenziselwa ukwelapha itwetwe nexhala), njengoba le mithi kungenzeka iholele ekukhuphukeni noma ekwehleni kwamazinga eBESYLOC egazini.
- Iritonavir esetshenziswa ukudodobalisa isandulelangculazi njengoba kungenzeka ukusetshenziswa kwayo kuholele ekukhuphukeni kwamazinga eBESYLOC egazini.

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IBESYLOC**

- Idantrolene (eyisithambisizicubu zomzimba) kungenzeka iphazamise amazinga ephothaziyamu egazini.
- Ilithium, njengoba lokhu kungaholela ekukhuphukeni kobuthi egazini uma kusetshenziswa ngokuhlanganyela neBESYLOC.
- Isimvastatin (esetshenziselwa ukwehlisa ikholesteroli), njengoba kungenzeka lokhu kuholele emazingeni aphakeme e-simvastatin egazini. Kungenzeka kudingeke ukuthi kuncishiswe umthamosilinganiso wesimvastatin.

Tshela udokotela wakho ngaphambi kokuba ulaliswe ngenhloso yokulungiselela ukuhlinzwa ukuthi wena usebenzisa iBESYLOC.

Ukuphuza iBESYLOC nokudla kanye nophuzo:

IBESYLOC ungayiphuza nokudla noma uyiphuze ngaphandle kokudla.

Kumele uyigweme igrapefruit kanye nojusi wegrapefruit (bheka isigatshana esithi

Ukusetshenziswa kweminye imithi neBESYLOC)

Ukukhulelwa, ukuncelisa kanye nokuba sesimweni sokuzala nokuthola abantwana

Uma ukhulelwe noma usancelisa umntwana wakho, noma uma ucabanga ukuthi mhlawumbe ukhulelwe noma uma uhlela ukuthola umntwana, bonisana nodokotela wakho, usokhemisi noma omunye umhlinzeki wosizo lwezempilo nokwelashwa ngaphambi kokuba usebenzise lo muthi.

Uma ukhulelwe, noma kwenzeka ukhulelwa ngenkathi usebenzisa iBESYLOC, yeka ukusebenzisa iBESYLOC futhi ukhulume nodokotela ngokushesha okukhulu (bheka isigatshana esithi

Ungalokothi usebenzise).

Akumele usebenzise iBESYLOC ngenkathi usancelisa umntwana wakho (bheka isigatshana esithi

Ungalokothi usebenzise).

Ukushayela kanye nokusebenzisa imishini:

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IBESYLOC**

IBESYLOC ingakwenza uphathwe yisiyezi.

Akulula ukubikezela njalo ukuthi iBESYLOC izoba nomthelela ongakanani emisebenzini yansukuzonke yesiguli. Iziguli kumele ziqinisekise ukuthi aziyenzi imisebenzi eshiwo ngenhla kuze kufike isikhathi lapho sezibonile ukuthi iBESYLOC inomthelela ongakanani kuzona.

3. Indlela yokusebenzisa iBESYLOC

Ungalokothi wabelane nanoma yimuphi omunye umuntu ngemithi onikezwe yona ngumhlinzeki wakho wosizo lwezempilo nokwelashwa. Kumele njalo iBESYLOC uyisebenzise ncimishi ngendlela akuyalele ngayo udokotela wakho. Kumele ubuze udokotela wakho noma usokhemisi uma ungaqinisekile.

Umthamosilinganiso ojwalelekile weBESYLOC yilona:

Kubantu abadala:

Umthamosilinganiso ojwayelekile onikezwa wona uma usaqala ukudla amaphilisi ngumthamosilinganiso wephilisi leBESYLOC elingama-5 mg kanye ngosuku, okumele uliphuze nokudla noma ngaphandle kokudla ngesikhathi esifanayo nsukuzonke. Kumele uyigweme igrapefruit kanye nojusi wegrapefruit.

Iphilisi kumele uligwinye lonke, ulehlise ngamanzi.

Uma bungekho ubungcono obubonakalayo emuva kwezinsuku eziyi-10 kuya kweziyi-14, udokotela wakho kungenzeka awukhuphule umthamosilinganiso ufinyelele kumthamosilinganiso ophelele weBESYLOC ongama-10 mg ngosuku (okumele uthathwe njengomthamosilinganiso owodwa).

Udokotela wakho uzothatha isinqumo maqondana nomthamosilinganiso azokunikeza wona emuva kokuba esekuxilongile futhi wabukisisa isimo sakho.

Udokotela wakho uzokutshela ukuthi kuzothatha isikhathi eside kangakanani ukwelashwa kwakho ngeBESYLOC. Ungalokothi uyeke ukudla amaphilisi akho ngaphambi kwesikhathi ngoba isifo

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IBESYLOC**

esikuphetha kungenzeka sidlondlobale, sibe sibi kakhulu. Uma ubona sengathi iBESYLOC inamandla ngokweqile noma-ke sengathi ayinawo neze amandla, tshela udokotela wakho noma usokhemisi.

Uma uphuze iBESYLOC engaphezulu kwaleyo okumele uyiphuze:

Uma kwenzekile waphuza umthamosilinganiso wamaphilisi oweqile, bonisana nodokotela wakho noma usokhemisi. Uma uhluleka ukuthola omunye walaba, xhumana nesibhedlela esiseduze nawe noma isikhungo esilawula ubuthi/ushevu.

Izimpawu zomthamosilinganiso wamaphilisi oweqile kungenzeka zibandakanye lokhu:

- Umfutho wegazi ophansi ongaholela ekutheni uphathwe yisiyezi esinamandla futhi uquleke.

Uma kwenzeka ukhohlwa ukuphuza umthamosilinganiso weBESYLOC

Uma kwenzeka ukhohlwa ukuphuza umthamosilinganiso weBESYLOC, waphuze ngokushesha amaphilisi akho emuva kokukhumbula ukuthi kumele uwaphuze. Uma sekusondele isikhathi sokuphuza umthamosilinganiso wamaphilisi olandelayo, ungabe usawuphuza lowo mthamosilinganiso wamaphilisi okhohliwe ukuwuphuza futhi uqhubeke uphuze umthamosilinganiso wephilisi noma wamaphilisi olandelayo ngesikhathi esijwayelekile. Ungalokothi uphuze imithamosilinganiso yamaphilisi ephindwe kabili ngenhloso yokuvala isikhala semithamosilinganiso okhohliwe ukuyiphuza.

Uma uyeka ukusebenzisa iBESYLOC

Kusemqoka ukuthi uqhubeke nokuphuza amaphilisi akho ngisho usuzizwa ungcono emzimbeni emuva kwezinsuku ezimbadlwana. Uma uyeka esithubeni nje ukusebenzisa iBESYLOC, kungenzeka zibe zimbi kakhulu izinhlungu esifubeni sakho.

4. Imithelela engathandeki okungenzeka ibe khona

IBESYLOC kungenzeka ibe nemithelela engathandeki emzimbeni.

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IBESYLOC**

Akuyona yonke imithelela engathandeki ebikiwe yeBESYLOC equkethwe kuleli pheshana lolwazi.

Uma siba sibi isimo sakho sempilo jikelele, noma uma uzwa umthelela ongemnandi futhi ongathandeki emzimbeni ngenkathi usebenzisa iBESYLOC, bonisana nomhlinzeki wakho wosizo lwezempilo nokwelashwa ukuze uthole ukwelulekwa.

Uma kwenzeka noma yikuphi kulokhu okulandelayo, yeka ukusebenzisa iBESYLOC futhi utshele udokotela wakho ngokushesha noma uphuthume emnyangweni wezimo eziphuthumayo esibhedlela esiseduze nawe:

- ukuvuvukala kwezandla, izinyawo, amaqakala, ubuso, izindebe, umlomo noma umphimbo okungenza kube nzima ukugwinya noma ukuphefumula
- ukuqubuka noma isikhumba esilumayo
- ukuquleka
- ijondisi (isifo esibonakala ngesikhumba esinombala ophuzi kanye namehlo anombala ophuzi).

Konke lokhu kuyimithelela engathandeki ebucayi kakhulu futhi enobungozi. Uma unayo le mithethelela, kusho ukuthi kunokwenzeka ukuthi umzimba wakho awuzwananga neze neBESYLOC oyisebenzile. Kungenzeka udinge usizo lokwelashwa oluphuthumayo noma ukulaliswa esibhedlela.

Tshela udokotela wakho ngokushesha noma uphuthume emnyangweni wezimo eziphuthumayo esibhedlela esiseduze nawe uma ubona okunye kwalokhu okulandelayo:

- ukushaya kwenhliziyo kancane (okubizwa ngebradycardia) noma ukushaya kwenhliziyo ngamandla (okubizwa ngetachycardia), ukubhakuza kwenhliziyo ngendlela engajwayelekile, phecelezi, amapalpitations
- umfutho wegazi ophansi (ihypotension) okubonakala ngezimpawu ezinjengokuquleka noma uzizwe unesiyenzi futhi uzwe sengathi uzoquleka.
- amazinga aphakeme kashukela egazini (ihyperglycaemia)

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IBESYLOC**

- ukuvuvukala kwesibindi (ihepatitis), okuyisifo sesibindi esibonakala ngezimpawu ezinjengezinhlungu esiswini, imfiva, isicanucanu, ukuhlaza noma ukuphelelwa wuthando lokudla
- ubuthakathaka emzimbeni, ukukhathala okukhulu, ukwehla emzimbeni, ikhanda elibuhlungu (okuyizimpawu zesifo esibizwa ngevasculitis)
- izinkinga zezinso (ukuphuma komchamo omncane kunalokho okujwayelekile kuwena lapho uchama)
- ukuvuvukala kwamanyikwe, ipancreatitis (okuyisifo sokuvuvukala kwamanyikwe esibonakala ngezimpawu ezinjengezinhlungu esiswini, inhliziyo eshaya ngamandla kanye nemfiva).

Konke lokhu kuyimithelela engathandeki ebucayi futhi enobungozi. Kungenzeka kudingeke ukuba uthole usizo lokwelashwa oluphuthumayo.

Tshela udokotela wakho uma ubona okunye kwalokhu okulandelayo:

Imithelela engathandeki evamile ukubonakala:

- ikhanda elibuhlungu, isiyenzi kanye nokukhathala okukhulu
- ukufikelwa wukushisa okukhulu esikhunjeni nasebusweni
- isicanucanu, izinhlungu esiswini, ukuguquka kwendlela ovakashela ngayo endlini encane uyozikhulula
- ukuvuvukala kwamaqakala, ukuvuvukala kwanoma iyiphi ingxenye yomzimba.

Imithelela engathandeki engavamile ukwenzeka:

- ubuhlungu bamalunga omzimba, ubuhlungu bomhlane, amajaqamba noma ubuthakathaka emzimbeni
- izinkinga zokuguququka kwesimo semizwa nengqondo kanye/noma ukungalali kahle, ingcindezi yengqondo, itwetwe nexhala
- ukuncipha kokusebenza kwezinzwa zokuthinta (ubundikindiki)
- ukuhlaba nokunsonsotha kwezandla, izinyawo noma izindebe (umuzwa ohlabayo)

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IBESYLOC**

osanalithi obizwa phecelezi ngama-“pins and needles”)

- ukungqangqazela okuzenzekelayo futhi okungalawuleki (ukuthuthumela), ukujuluka kakhulu kunokujwayelekile
- ukubona ngendlela efiphele, ukungaboni kahle emehlweni okulokhu kuqhubeka njalo nokuba kubi
- ukukhala kwezihlonono ezindlebeni (okubizwa phecelezi ngetinnitus).
- ukukhwehlela
- ukuvuvukala kolwelwesana olungaphakathi emakhaleni (irhinitis)
- ukuqunjelwa, ukuhlaza, isifo sohudo, inkinga yokungagayeki kahle kokudla
- umlomo owomille, ukuvuvukala kwezinsini
- ukuchama kakhulu kunokwejwayelekile, ikakhulukazi ebusuku
- izinkinga zesikhumba ezinjengokuqubuka, ukuguquka ngokweqile kombala wesikhumba, umqubuko obangelwa ukungezwani nokudla/nomuthi othile (phecelezi amahives), isikhumba esilumayo, ukuqothuka kwezinwele
- Ukuguquka kwendlela onambitha ngayo (kubandakanya ukulahleka komuzwa wokunambitha)
- izinkinga eziphathelele nokuya ocansini, ukukhula kakhulu kwezibele kubantu besilisa
- ukwehla emzimbeni noma ukuzimuka (ukukhuluphala).

Uma ubona noma iyiphi eminye imithelela engathandeki engabhalwe kuleli pheshana lolwazi, tshela udokotela wakho noma usokhemisi.

Ukubika imithelela engathandeki

Uma uphathwa yimithelela engathandeki, khuluma nodokotela wakho noma usokhemisi. Lokhu kubandakanya ngisho naleyo mithelela engathandeki okungenzeka ikuphathe kodwa engabhalwe kuleli pheshana. Futhi ungayibika imithelela engathandeki kwabakwaSAHPRA ngokusebenzisa ifomu lokubika imithelela engathandeki (“**6.04 Adverse Drug Reporting Form**”), elitholakala ku-inthanethi ngaphansi kwemibhalo namaphepha ashicileliwe abakwa-SAHPRA:

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IBESYLOC**

<https://www.sahpra.org.za/Publications/Index/8>. Ngokubika imithelela engathandeki, ungalekelela ekuhlinzekweni kolwazi oluthe xaxa maqondana nokuphepha kweBESYLOC.

5. Indlela yokugcina iBESYLOC

Yonke imithi kumele uyigcine endaweni ezingafinyeleli kuyona izingane.

Amaphilisi wacine ezingeni lokushisa elingama-30 °C noma ngaphansi kwalokho. Amaphilisi wacine kwibhokisana noma iphakeshana afike nalo (uqwenjana oluyisigcinamaphilisi kumele lugcinwe kwibhokisana lamaphilisi kuze kufike isikhathi lapho sekudingeka ukuba uwasebenzise amaphilisi, kumele uwavikele angashiswa yilanga).

Ungawasebenzisi emuva kosuku lokuphelelwa kwawo yisikhathi olubhalwe kwibhokisana lawo.

Yiphindisele emuva kusokhemisi wakho yonke imithi engasetshenziswanga.

Ungalokothi ulahle imithi engasetshenziswanga ezinhlelweni zamapayipi okuchitha amanzi noma okuthutha indle (isibonelo, ezindlini zangasese).

6. Okuqukethwe ephaketheni lamaphilisi kanye nolunye ulwazi

Okuqukethwe yiBESYLOC

Isithako sokwelapha esiyinhloko esiqukethwe yila maphilisi yiamlodipine besylate.

Iphilisi leBESYLOC 5 mg ngalinye liqukethe isithako i-amlodipine besylate esilingana ne-amlodipine engama-5 mg.

Iphilisi leBESYLOC 10 mg ngalinye liqukethe isithako i-amlodipine besylate esilingana ne-amlodipine engama-10 mg.

7. Ezinye izithako:

Eziyinxenye engaphakathi yephilisi:

Colloidal anhydrous silica, magnesium stearate, microcrystalline cellulose, pregelatinised starch, sodium starch glycolate.

8. Indlela ebukeya ngayo iBESYLOC kanye nalokho okuqukethwe ephaketheni layo

**IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IBESYLOC**

IBESYLOC 5 mg: Iyiphilisi elimhlophe, eliyindingiliza (ububanzi 8,0 mm) eliqumbile kancane nhlangothi zombili, elinonqenqema olutshekile, elinomugqa onqamula phakathi ohlangothini olulodwa owenza liqhephuleke kalula.

IBESYLOC 10 mg: Iyiphilisi elimhlophe, eliyindingiliza (ububanzi 10,5 mm), eliqumbile kancane nhlangothi zombili, elinonqenqema olutshekile.

IBESYLOC 5 mg: Itholakala kwizingqwenjana eziyizigcinamaphilisi ezakhiwe ngePVC / ifoyela le-Aluminium ezingakubonisi lokho okungaphakathi ezinamaphilisi angama-30, eziqukethwe kumabhokisana anemibhalo ngaphandle.

IBESYLOC 10 mg: Itholakala kwizingqwenjana eziyizigcinamaphilisi ezakhiwe ngePVC / ifoyela le-Aluminium ezingakubonisi lokho okungaphakathi ezinamaphilisi angama-30, eziqukethwe kumabhokisana anemibhalo ngaphandle.

9. Inkampani Engumnikazi Wesitifiketi Sokubhaliswa

Pharma Dynamics (Pty) Ltd

1st Floor, Grapevine House, Steenberg Office Park

Silverwood Close

Westlake, Cape Town

7945, South Africa

Inamba yocingo: + 27 21 707 7000

www.pharmadynamics.co.za

10. Leli pheshana lolwazi lagcina ukubuyekezwa mhla ziyi-

11 kuNhlanguvana 2021

11. Inamba yokubhaliswa

BESYLOC 5 mg: A41/7.1/0560

BESYLOC 10 mg: A41/7.1/0561

IPHESHANA ELIQUKETHE ULWAZI OLUQONDENE NESIGULI
UHLA LWEZINHLOBO ZEPHILISI IBESYLOC

NAM:

BESYLOC 5 mg: NS2 08/7.1/0155

BESYLOC 10 mg: NS2 08/7.1/0156